



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

2023

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Stanmorephysics

Leli phepha linamakhasi ayi-6.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

- Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Indaba	(50)
ISIQEPHU B:	Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C:	Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)
- Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.
- Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
- Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
- Hlela umsebenzi wakho ngamaphuzu (uhlaka) noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.
- Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
- Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A:	Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B:	Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C:	Amaminithi angama-30
- Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
- Nikeza impendulo NGAYINYE isihloko esifanele.
- UNGAZIBALI izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
- Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.



ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Uhambo Nomndeni Wami Engingasoze Ngalukhohlwa. **[50]**
- 1.2 Inhlonipho. **[50]**
- 1.3 Okwangisiza Ukuze Ngizethembe. **[50]**
- 1.4 Ukufundela Izivivinyo Zokuhlolwa Niyiqembu Kungaba Nemiphumela Emihle noma Emibi. **[50]**
- 1.5 Kungabe Izithombe Zikamabonakude Ziyalugqugquzela Yini Udlame Emphakathini? **[50]**

Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6, 1.7 noma 1.8) bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.6



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.7



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.8



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A:

50



ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YAKOMKHULU/ESEMTHEHWENI

Ibhasi elihamba edolobheni langakini lithutha/lihambisa izingane zesikole nabantu abadala ngesikhathi esisodwa. Lokhu kwenza izinkinga ezinkulu ngendlela izingane zesikole eziphathwa kabi ngayo.

Bhalela umphathi wenkampani yalawa mabhasi **incwadi yesikhalazo** mayelana nalolu daba. [30]

2.2 I-IMEYILI

Ubufunda ibanga le-12 waphumelela ngamalengiso, manje awunayo imali yokuqhuba izifundo zakho esikhungweni semfundo ephakeme.

Bhala **i-imeyili** uyibhekise kusomabhizinisi wangakini uNkosikazi Mpama ucele umfundaze. [30]

2.3 UMLANDO NGOMUFI

ULinda Sixolo oneminyaka engama-20 ushone engozini yemoto ngenkathi iqembu labo lezemidlalo liphuma kodlala. Umndeni ukucele ukuba ubhale umlando wakhe njengoba ubusondelene naye.

Bhala **umlando** ngomufi. [30]

2.4 INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO

Ukugqoka izingubo ezinamagama abizayo (brands) kuyinto eyenziwa kakhulu ngabantu abasha. Ubaba wakho akafuni nokuyizwa eyezingubo ezibizayo uma ucela ukuba akuthengele.

Bhala **inkulumo-mpendulwano** ephakathi kwakho nobaba wakho ngalolu daba. [30]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30



ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Khetha isihloko **ESISODWA** ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.



3.1 **IKHADI LESIMEMO**

Buka isithombe esilandelayo bese ubhala ikhadi lesimemo elihambisana nesithombe.



[Sicashunwe ku-www.google.com]

Bhala **ikhadi lesimemo** elihehayo.

[20]

3.2 **IDAYARI**

Njalo ngonyaka kuba nomncintiswano/umqhudelwano wabathanda ukucula nokudansa ezindlini zakwa SABC e-Auckland Park. Ungomunye wabazongenela lo mncintiswano kulo nyaka.

Bhala **idayari** yezinsuku ezinhlanu ngamalungiselelo ozowenza ngaphambi kokuyongenela lo mncintiswano/mqhudelwano.

[20]

3.3 **IMIYALELO**

Ngaphambi kokubhala iphepha ngalinye lokuhlolwa kwebanga le-12 kokuphela konyaka, kunemiyalelo eqikelelwayo ngabahlolwayo.



Bhala **imiyalelo** okufanele abafundi bayilandele.

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C:
AMAMAKI ESEWONKE:

20
100



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

2023

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 100

Lo mlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-13.



ISIQEPHU A: UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA IZINDABA

QAPHELA:

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniwe ngamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho okuqukethwe, ulimi & isitayela, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu, ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezixenye. Ayikho ingxenye engenhla noma engezansi.

ISIQEPHU A: AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50]

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Okunganelisi
OKUQUKETHWE & UKUHLELA (Izipendulo kanye nemibono) Ukudidiyelwa kwemibono ngenhloso yokuhlela Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo AMAMAKI ANGAMA-30	Ingxenye engenhla	28–30 -Ipendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoinco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	22–24 -Ipendulo yakheke kahle -Imibono eshaya emhloveni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	16–18 -Ipendulo eyanelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhloveni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	10–12 -Ipendulo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nokungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana	4–6 -Ipendulo enhlanhlathayo -Imibono edidayo nenganembi -Akuzwakali, kunokuphindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana
		25–27 -Ipendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	19–21 -Ipendulo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	13–15 -Ipendulo enembayo kodwa intula ukucacisa -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka -Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	7–9 -Ipendulo engashayi emhloveni -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho	0–3 -Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko -Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene -Akuqondene nesihloko futhi kuphithene
	Ingxenye engezansi					

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50] (kuyaqhubeka)

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Okunganelisi
ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama luyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo Ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi AMAMAKI AYI-15	Ingxenye engenhlia	14–15 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Ithoni ekhomba ukuphoqa kanye namasu obuciko obunembayo -Akunamaphutha nhlobo ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	11–12 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kanye nesimo -Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile -Kukhombisa ukungabi namaphutha amaningi ohlelweni kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle kakhulu	8–9 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo -Ithoni ifanelekile -Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe	5–6 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe	0–3 -Ulimi aluqondakali -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda
		13 -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	10 -Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle	7 -Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo	4 -Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo	
ISAKHIWO Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho AMAMAKI AYISI-5		5 -Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu	4 -Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukulandelana -Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile	3 -Ukuthuthuka kwendaba okulindelekile -Imisho, izigaba kwakheke kahle -I-eseyi isenawo umqondo	2 -Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha	0–1 -Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo

Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:

- Q: Okuqukethwe
- SK: Isakhiwo
- L: Ulimi
- ST: Isitayela
- PT: Amaphutha
- HL: Ukuhlela

Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:

- QHL = 30
- LSP = 15
- SK = 05

Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhala olungamukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungamukelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engamukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi umqondo.

ISIV. – isivumelwano esingavumelani.

AK – akudingekile.

^ – kunegama elingekho.

GN – igama elingcono.

/ – ukwehlukana amagama

() – ukuhlukanisa amagama

PP – ukuphindaphinda amagama

OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)

- Isingeniso: Siyaheha, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.
- Umzimba: (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
(ii) Izigaba zihleleke kahle/umqondo osekelayo.
(iii) Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho: (i) Siyisigaba esisodwa.
(ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
(iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa/ukuphosa inselelo.

QAPHELA: Kweqiwa umugqa owodwa phakathi kwezigaba.

OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)

1.1 Uhambo Nomndeni Wami Engingasoze Ngalukhohlwa.

- Elandisayo.

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Bhala ngenkathi edlule.
 - Kwakunini, kuphi?
 - Landisa enanikwenza nomndeni wakho okwenza ungalukhohlwa lolu hambo.
 - Umyalezo ongawudlulisela kwabanye ngokubaluleka kokuvakasha nomndeni.
 - Indaba ayinamathele esihlokweni.
- (Nokunye okuhambisana nesihloko.)

[50]

1.2 Inhlonipho.

- Echazayo.

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
 - Chaza izimpawu ezithize ngesihloko.
 - Chaza ngokubaluleka kwenhlonipho.
 - Akha izithombemagama.
 - Indaba ayinamathele esihlokweni.
- (Nokunye okuhambisana nesihloko.)

[50]

1.3 Okwangisiza Ukuze Ngizethembe.

- Eningayo/Ecabangisisayo.

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
 - Isingeniso asihlaziye isihloko.
 - Chaza ngobuntekenteke bakho ngaphambi kokuthola usizo.
 - Chaza kucace lokhu okwakusiza ukuze uzethembe.
 - Imiphumela yokuthola usizo.
 - Indaba ayinamathele esihlokweni.
- (Nokunye okuhambisana nesihloko.)



[50]

1.4 **Ukufundela Izivivinyo Zokuhlolwa Niyiqembu Kungaba Nemiphumela Emihle Noma Emibi.**

- Eqhathanisayo.

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
- Veza amaphuzu aqhathanisayo.

Ubuhle:

- Amaphuzu akaveze imiphumela emihle kanye nobufakazi obesekelayo.

Ububi:

- Amaphuzu akaveze imiphumela emibi kanye nobufakazi obesekelayo.
- Isiphetho asihambisane nendaba.
(Nokunye okuhambisana nesihloko.)

[50]

1.5 **Kungabe Izithombe Zikamabonakude Ziyalugquguzela Yini Udlame Emphakathini?**

- Edaza Inkani.

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
- Isingeniso masiveze uhlangothi ovumelana/ophikisana nalo
(ukuvumelana noma ukuphikisana).

Amaphuzu avumelana noma aphikisana nesihloko:

- Yethula amaphuzu avumelana/aphikisana nesihloko.
- Indaba ayinamatele esihlokweni.
- Isiphetho asihambisane nendaba.
(Nokunye okuhambisana nesihloko.)

[50]



1.6 **Isithombe**

Nikeza indaba isihloko esiyifanele.

Izihloko ziyokwehluka:

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
 - Isihloko masihambisane nokuqukethwe isithombe.
 - Indaba ayinamathele esihlokweni.
- Isibonelo: Ukwanda Kokukhulelwa Kwabafundi Ezikoleni.

QAPHELA: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhaliwe. **[50]**

1.7 **Isithombe**

Nikeza indaba isihloko esiyifanele.

Izihloko ziyokwehluka:

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
 - Isihloko masihambisane nokuqukethwe isithombe.
 - Indaba ayinamathele esihlokweni.
- Isibonelo: Isichotho.

QAPHELA: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhaliwe. **[50]**

1.8 **Isithombe**

Nikeza indaba isihloko esiyifanele.

Izihloko ziyokwehluka:

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
 - Isihloko masihambisane nokuqukethwe isithombe.
 - Indaba ayinamathele esihlokweni.
- Isibonelo: Ukukhishwa Kwemiphumela Kamatikuletshe ni Emaphephandabeni.

QAPHELA: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhaliwe. **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: AMARUBHRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-30]

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Okunganelisi
OKUQUKETHWE, UKUHLELA NESAKHIWO Impendulo kanye nemibono Ukudidiyelwa kwemibono ngenhloso yokuhlela Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo AMAMAKI AYI-18	15–18 -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhala -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Isakhiwo esifanele nesicacile	11–14 -Impendulo efanelekile ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Inamathele esihlokweni -Akukho ukunhlanhlatha -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Isakhiwo esifanele esinamaphushana	8–10 -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Ayinamathele kahle esihlokweni -Kunokunhlanhlatha okuncane. -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Isakhiwo esifanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa	5–7 -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Ukunamathele esihlokweni kuyabonakala kodwa kunokunhlanhlatha -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okuncane kakhulu okusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yesakhiwo -Kukhona okumbalwa okubalulekile	0–4 -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Umqondo ufiphele ngenxa yokunhlanhlatha okukhulu. -Imibono ayilandelani nhlobo -Ukuchaza okungenelisi okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo
	10–12 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha nhlobo.	8–9 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle kakhulu -Akunamaphutha amaningi	6–7 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa ohlelo -Ulwazimagama olwanele -Amaphutha awawuphazamisi umqondo.	4–5 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo ufiphele.	0–3 -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu
ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi AMAMAKI AYI-12					

Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:

- Q: Okuqukethwe
- SK: Isakhiwo
- L: Ulimi
- ST: Isitayela
- PT: Amaphutha



Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:

- QSK = 18
- LSP = 12

OKULINDELEKILE:

2.1 INCWADI YAKOMKHULU/ESEMTHEHWENI

- Ikheli lobhalayo alibe esandleni sokudla elihambisana nosuku olugcwele, Isib. (12 Nhlaba 2023/12 Meyi 2023).
- Ikheli lobhalelwayo alibe ngasesandleni sokunxele liqale ngesikhundla.
- Obhalelwayo makabingelelwe ngokugcwele nangesizotha, Isib. Mnumzane/Nkosikazi/Nkosazane.
- Qala ngomusho oyisihloko, udwetshelwe noma ubhalwe ngosonhlamvukazi/ofeleba.
- **Esigabeni sokuqala** ohlolwayo akabhale isizathu sokubhala incwadi ekhalaza ngokungaphathwa kahle kwezingane ebhasini.
- **Esigabeni sesibili** ohlolwayo akacacise izizathu zokukhalaza afake nezincomo.
- **Isiphetho** masibe sifishane sikhuthaze uMphathimabhasi ukuthi kube khona akwenzayo ngalesi simo.
- Isivaleliso masikhombise isizotha: Yimina ozithobayo
uTiza Sithole (Nksz.)

Amagama awabe inani elifanele.

[30]

2.2 I-IMEYILI

- Makuvele ikheli lalowo i-imeyili esuka kuye.
- Makuvele ikheli lalowo ebhekiswe kuye.
- Makuvele amakheli alaba abanye abaziswa ngalesi sicelo uma bekhona.
- **Isihloko:** Isicelo Somfundaze.
- Makuvele ingqikithi ye-imeyili.
- Makuvele igama lothumele i-imeyili.

Amagama awabe inani elifanele.



[30]

2.3 UMLANDO NGOMUFI

- Isihloko: Bhala amagama aphelele kamufi nesibongo.
- Bhala ngenkathi edlule.

Isingeniso:

- **Imininingwane ngomufi:**
 - Amagama kamufi aphelele nesibongo.
 - Usuku lokuzalwa nendawo azalelwa kuyona.
 - Abazali bakhe.
 - Usuku ahambe ngalo emhlabeni.

Umzimba:

- **Isigaba sokuqala:**
 - Imininingwane yemfundo (izikole nesikhungo, iminyaka afunda ngayo).
 - Amagalelo nezikhundla ezikhungweni zemfundo.
- **Isigaba sesibili:**
 - Imininingwane yasemsebenzini uma ikhona.
 - Amagalelo nezikhundla eqenjini lezemidlalo.
 - Aphumelele kukhona/neqhaza abelibambile emphakathini.
- **Isiphetho:**
 - Abashiyile emhlabeni.
 - Umusho omfushane wokumvalelisa. Isib.: Hamba kahle (Isithakazelo)/ Sihlobo sethu, siyokukhumbula njalo!

Amagama awabe inani elifanele.

[30]

2.4 INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO

- Bhala ngenkathi efanele.
- Bhala isihloko.
- Isethulo (Bhala ukuthi ubani, ukhuluma nobani nokuthi bakuphi).
- Sebenzisa izimpawu ezifanele.
- Bhala amagama abakhulumayo esandleni sokunxele.
- Sebenzisa ulimi oluzwakalayo.
- **Isingeniso:** Ukubingelelana okukhombisa ubudlelwano bukababa nendodana/nendodakazi.
- **Umzimba:** Ingxoxo ehambisana nobaba ekhuluma nengane yakhe mayelana nokugqoka izinto ezibizayo.
- **Isiphetho:** Ukugoqwa kwenkulumo.

Amagama awabe inani elifanele.

[30]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: AMARUBHRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMFISHANE ODLULISA UMYALEZO: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-20]

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Okunganelisi
<p>OKUQUKETHWE, UKUHLELA NESAKHIWO</p> <p>Impendulo nemibono Ukudidiyelwa kwemibono ngenhloso yokuhlela Izimpawu/Izimiso kanye nesimo</p> <p>AMAMAKI AYI-12</p>	<p>10–12</p> <p>-Impendulo enemibono ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Isakhiwo esifanele nesicacile</p>	<p>8–9</p> <p>-Impendulo efanelekile ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni -Akukho ukunhlanhlatha -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Isakhiwo esifanele esinamaphushana</p>	<p>6–7</p> <p>-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ayinamathele kahle esihlokweni -Kunokunhlanhlatha okuncane -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Isakhiwo esifanelekile kodwa esinamaphutha ambalwa</p>	<p>4–5</p> <p>-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathele kuyabonakala kodwa kunokunhlanhlatha -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise imithetho yesakhiwo ngokungafanele -Kukhona okumbalwa okubalulekile</p>	<p>0–3</p> <p>-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umqondo ufiphele ngenxa yokunhlanhlatha okukhulu -Imibono ayilandelani nhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo</p>
<p>ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA</p> <p>Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama izimpawu zokuloba kanye nesipelingi</p> <p>AMAMAKI AYISI-8</p>	<p>7–8</p> <p>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha nhlobo</p>	<p>5–6</p> <p>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Akunamaphutha amaningi.</p>	<p>4</p> <p>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo</p>	<p>3</p> <p>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo ufiphele</p>	<p>0–2</p> <p>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo awucacile neze</p>

Amakhodi okuqopha amamaki kulesi sigaba:

- Q: Okuqukethwe
- SK: Isakhiwo
- L: Ulimi
- ST: Isitayela
- PT: Amaphutha



Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:

- QSK = 12
- LSP = 08

OKULINDELEKILE:

3.1 IKHADI LESIMEMO

- Isihloko masigqamise ukuthi isimemo sokubungaza iminyaka yokuzalwa eyi-18.
- Bhala igama lomemayo nomenywayo.
- Bhala njengomuntu wesithathu.
- Imininingwane elindelekile:
 - usuku.
 - indawo.
 - isikhathi.
 - bhala neminye imininingwane njengalokhu: indlela yokugqoka, igama nenombolo yocingo yomuntu othintwayo nokunye.

Amagama awabe inani elifanele.

[20]

3.2 IDAYARI

- Bhala usuku kanye nelanga: isibonelo 14 Meyi 2023 ... Lwesihlanu.
- Bhala ngenkathi efanele.
- Bhala njengomuntu wokuqala.
- Bhala ngemisho ephelele.
- Sebenzisa ulimi olukhululekile.
- Okuqukethwe makunamathele emyalelweni.

Amagama awabe inani elifanele.

[20]

3.3 IMIYALELO

- Isihloko masigqamise imiyalelo okumele ilandelwe abafundi ngaphambi kokuqala ukuhlolwa.
- Fika ngaphambi kwesikhathi esibekiwe ukuze ukwazi ukuzilungiselela.
- Bonke abafundi balindeleke ukuba basayine iphepha lemithetho yokuhlolwa ngaphambi kokuqala ukubhala.
- Qinisekisa ukuthi uphethwe umazisi kanye ne-timetable yakho yokuhlolwa efakwe ephaketheni lepulasitiki elibonisa ngaphakathi.
- Qinisekisa ukuthi uphethwe konke okokubhala njengamapeni, ama-calculator nokunye ngesikhwama samapeni esibonakalisa ngaphakathi.

- Sebenzisa imizuzu eyishumi yokufunda iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala ngesikhathi esibekiwe.
- Awuvunyelwe ukuqala ukubhala ngaphambi kwesikhathi esibekelwe iphepha.
- Awuvunyelwe ukuqalaza nokwenza noma yini esolisayo, engathathwa njengokukopela.
- Awuvunyelwe ukuphatha umakhalekhukhwini noma i-smart watch.
- Qiniseka ukusebenzisa isikhathi esibekiwe ukuze ukwazi ukuqeda.

Amagama awabe inani elifanele.

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100

